www.xtrapapers.com

M11/1/A1ZUL/SP1/ZUL/TZ0/XX

22110563

International Baccalaureate®
Baccalauréat International
Bachillerato Internacional

**ZULU A1 – STANDARD LEVEL – PAPER 1**
**ZOULOU A1 – NIVEAU MOYEN – ÉPREUVE 1**
**ZULÚ A1 – NIVEL MEDIO – PRUEBA 1**

Wednesday 11 May 2011 (morning)
Mercredi 11 mai 2011 (matin)
Miércoles 11 de mayo de 2011 (mañana)

1 hour 30 minutes / 1 heure 30 minutes / 1 hora 30 minutos

---

INSTRUCTIONS TO CANDIDATES

- Do not open this examination paper until instructed to do so.
- Write a commentary on one passage only. It is not compulsory for you to respond directly to the guiding questions provided. However, you may use them if you wish.

INSTRUCTIONS DESTINÉES AUX CANDIDATS

- N'ouvrez pas cette épreuve avant d'y être autorisé(e).
- Rédigez un commentaire sur un seul des passages. Le commentaire ne doit pas nécessairement répondre aux questions d'orientation fournies. Vous pouvez toutefois les utiliser si vous le désirez.

INSTRUCCIONES PARA LOS ALUMNOS

- No abra esta prueba hasta que se lo autoricen.
- Escriba un comentario sobre un solo fragmento. No es obligatorio responder directamente a las preguntas que se ofrecen a modo de guía. Sin embargo, puede usarlas si lo desea.


© International Baccalaureate Organization 2011

www.xtrapapers.com



*Phendula umbuzo ube **munye** kulena elandelayo.*

**1.**

*Mkabayi:* Ngiyadabuka nxa ngimi lapha phambi kwesizwe sikaZulu, esesizofihla inkosi yaso. Ngempela kokwenzekile, asizubanga, kepha silahlekelwe. Silahlekelwe iqhawe lamaqhawe, inkosi yamakhosi. Ubelithanda iqhawe, elizonda igwala kodwa igazi? Ubethanda iqiniso ezonda amanga kodwa unya?

Ngiyazi, angithandabuzi, futhi angifuniseli, ukuthi ukuma kwami phambi kwenu akunijabulisi. Linye-ke iqiniso: obulale uShaka umbulale ngesizathu nenhloso. Kabulawanga nguMkabayi kaJama. Njalo-ke ngizocela umntwana uMhlangana ake aphose amazwi ambalwa akhalele isizwe ngenkosi yaso.

*Isizwe:* Ulizulu!

*Mhlangana:* Mabandla kaMjokwane kaNdaba, ngiyesaba.

*Isizwe:* Ndabezitha!

*Mhlangana:* Nginovalo nokuthuthumela. Mina angilutho kwabanganduleleyo, ngiyinto elizana nje. Kuyinto eyaziwayo ukuthi nxa kuficwa abantu belwa benikizana iningi limzwela usizi libe nesihe oxoshwayo. Yingakho sihlangene lapha nje. Kufe oyedwa, kusele abaningi. Kusazophila abaningi kunalaba. Ngizonicela ukuthi ningizwe kahle. Kukho konke engikwenzayo mina ngibeka isizwe sakwaZulu phambili. Ngakho-ke ngizocela ukuthi uzwela lwenu nilususe kophangalele, nilubeke kwabasele. UShaka bekungokababa uSenzangakhona, kodwa ngenxa yokuthi kade enekhanda elilukhuni, engasezwa noma ngimyala ngimbulele mina. Isizwe sisele. Yinkosi yaso ephangalele. Njalo-ke sinethemba lokuthi siyobuye sithole inkosi ezoba ngcono, ibe nesihe kunaye. Kunesikhathi lapho okuthi nxa sesehlulekile ukusebenzisa inkonzo, kufuneke sisebenzise inkani nobudlova. Njalo-ke mina njengensizwa eyaqhathwayo, yalwa, ngikholwa ukuthi iwisa likuqeda konke ukukhuluma. Lowo othi kube liphutha engikwenzile usengathatha esakhe isijula abhekane nami, nxa engehlula ngingcwatshwe nami manjenje. Sengishilo mina sigwinya mkhonto nothi lwawo, isigodo esimnyama esilala amankankane ngokwesatshwa ngezinye.

*Isizwe:* Ndabezitha!

*Mhlangana:* Ngithi lala Lembe eleq' amanye ngokukhalipha. Phumula. Ukuphumula kwakho ukuphumula koMbelebele ebumpohlweni, ukuphumula kukaZulu ekuhogeleni igazi. Ukufa kwakho, ukuvela kwesizwe.

*Isizwe:* Ulizulu! Ndabezitha!

S B L Mbatha, *Nawe Mbopha kaSithayi* (1971)

– Ake ukhulume ngokusetshenziswa kolimi ukuveza isimo okukhulunywa ngaso lapha.

– Yini umphumela wokuvezwa kwabalingisi kulokho okwenzeka kulendatshana?

– Ikuthinta kanjani lendatshana njengomfundi?

www.xtrapapers.com



**2.**

**Ngizw' isimfoni**

Ngizw' ukububula
Kwamadw' amakhulu
Esizibeni ngenzansi,
Enanazel' ukuna
Kwemvul' epholileyo.

Ngizw' ukuqubula
Kwamaxox' exoxa,
Ehalalis' ebonga,
Esho ngezingingila
Kuxokozel' isiziba.

Ngilalel' isimfon' emnandi
KaShubethi nekaBhahi,
KaMozathi nekaBhithoveni,
Iqubuk' esizibeni
Kuhlokom' imihlanga.

Ngizw' inkondl' eqaqambayo
Ihaywa ngezeSangqu, zocu
Kalulingan' entanyeni,
Kuvungam' iNgobamakhosi
KwezikaZul' esabusa.

Ngilalel' ukubiloza
Kwamaselesel' omfula,
Esho ngamabil' anemvunge
KaMbatha nekaMwerane,
Kwezesimanj' izingoma.

Ngilalelis' imvunge
Yamanz' egobhoz' ehaza,
Eshay' ihlombe lakoMadwi
Equbula nezindubula
Ezinkwazini zesiziba.

J M Sikakana, *Ikhwezi likaZulu* (1965)

– Ikhethelo lamagama likuveza kanjani lokho uSonkondlo abhala ngakho?

– Ake ukhulume ngomphumela wezithombe ezisetshenziswe kulenkondlo.

– Lenkondlo iyithinta kanjani imizwa yakho njengomfundi?